# UkuQala NokuPhela Kwesimiselo seziKhathi zabeZizwe

Sanibona kusihlwa, bangane. Ngithokoza kakhulu ukuba ngibe lapha, kulobubusuku, futhi. Ngisanda kusuka nje lapha, esikhashaneni esedlule. Ngicabanga kanjalo, ngiphuma lapha kwelesine nqo. Ngase-ke ngidingeka ukuba ngi... sehla ukuba siyobona abanye futhi abangane. Sasesibuya, emizuzwini emihlanu emva kwelesikhombisa, ngidingeke nje ukuba ngibuyele ezansi. Ngakho ngithi nje ukuzingela ingqikithi, namanje, Mfowethu Neville.

2 Kodwa, manje, kukhona isicelo esisanda kubizwa nje, esivela komunye eChattanooga, eTennessee, othandekayo owayesengozini emavikini amathathu edlule, futhi ulele equlekile, namanje. Nesicelo somkhuleko lapha, ebandleni. Futhi...

3 [UMfowethu Neville uthi, "Mfowethu Bill?"—Umhl.] Yebo, mfowethu? ["Ngingasenza isimemezelo?"] Ungasenza impela. Mfowethu Neville, woza nje. ["Ngiyaxolisa, Mfowethu Bill."] Yebo, mnumzane. ["Sengicishe nje ngakhohlwa impela. Ngenze isithembiso ukuba ngenze isimemezelo kulobubusuku." UMfowethu Neville wenza isimemezelo. Akuqoshwanga eteyipini.]

4 Besi—besikhuluma ngoMelkizedeki, ukuthi WayeNgubani, futhi asiqedanga lutho ngakho. Kodwa mhlawumbe, ngesikhathi esizayo ngingena, singacaphuna kusukela lapho, siselokhu siseNcwadini yamaHeberu.

5 Kodwa, kulobubusuku, siphenya ngale eNcwadini kaDanyeli. Nani eninamaBhayibheli enu, phenyani kuDanyeli 12. Futhi sizofunda okuncane kusukela lapho, futhi sikhulume, mhlawumbe, ngelinye leZwi likaNkulunkulu eNcwadini kaDanyeli.

6 Manje, uDanyeli wayengomunye we...wayengumprofethi owathwalwa wasuswa eJerusalema, waya ezansi wangena eBabiloni, ekuthwalweni kweBabiloni, yiNkosi uNebukadnezari. Wayengumfo osemusha ngenkathi ehla eyongena eBabiloni. Babengebaningi ababesabambelele ekukholweni okudala okuhle.

7 Ngiyamthanda uDanyeli, ngoba okwakhe...wazimisela ngalokho enhliziyweni yakhe, ngenkathi ehlela eBabiloni,

ukuthi wayezohlala eyikholwa, futhi angazingcolisi ngezidlo zenkosi, kanjalonjalo.

8 Manje, yona impela into uDanyeli ayeyiyo, umprofethi kwabeZizwe. UDanyeli wawubona wonke unyaka wabeZizwe uphakama futhi uwa. Kwaba nguye owokuqala ukuba abe, simbiza, ngomprofethi wabeZizwe. Wayengesuye oweZizwe, yena uqobo. Kodwa wabona isimiselo sesikhathi sabeZizwe, kusukela ekuqaleni kuya ekupheleni; ekhandeni legolide, futhi siphelela ezinyaweni zensimbi nebumba.

9 Futhi ngenkathi esezansi phakathi lapho, ezimisela enhliziyweni yakhe ukuthi angazingcolisi ngezidlo zenkosi, nangendaba yenkosi.

10 Nelinye iqembu lomzalwane, ogama linguShadiraki, uMeshaki noAbedinego, wayesezansi lapho kanye nabo; okwakungesibo abaprofethi, kodwa amakholwa. Futhi bona, futhi, bazimisela enhliziyweni yabo. Futhi ngenkathi lawomakholwa ehlangana ndawonye, sengathi ngiyabona, kaningi impela babenemihlangano yemikhuleko ndawonye.

11 Njengoba senza nje, sibuthana ndawonye ngoba sinezinto esizejwayele. Niyazi, kukhona isiqubulo esidala esithi, "Izinyoni zohlobo olulodwa zindiza umshungu ndawonye." Futhi leso yisaga esidala, njalo. Nalokho kuyinto enhlana, futhi. Izinyoni zohlobo olulodwa zindiza umshungu ndawonye. Anijabuli ngalokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Impela. Izinyoni zohlobo olulodwa zindiza umshungu ndawonye.

12 Esikhathini esingeside esedlule, ngangihlezi emhlanganweni lapho okwakukhona indoda ixoxa ngokuthize. Futhi yathi, "Awu . . . " yayikhuluma ngemiphefumulo eyaya ekuboshweni, owawusekuboshweni, uJesu ahamba washumayela kuyo, emva kokufa kwaKhe. Nalendoda eyayikhuluma, yathi, "Awu, ucabangani ngakho na?"

13 Nomfowethu oyikhaladi wasukuma. Wathi, "Awu, yilokho nje iBhayibheli elakushoyo. 'Wahamba washumayela emiphefumulweni eyayisekuboshweni.'"

Yathi, "Ucabanga ukuthi kwakuyini na?"

14 Wathi, "Kwakuyi 'Miphefumulo engaphendukanga, ekubekezeleni, ngezinsuku zikaNowa, umkhumbi usakhiwa,' njengoba kwasho iBhayibheli nje."

15 Yathi, "Qhabo." Yathi, "Lelo yilelibandla, lishumayela kulabobantu bePentecostal okulamahlelo nakho konke, libakhipha ekuboshweni."

16 Wathi, "Manje, buka lapha, mfowethu." Wathi, "Ipentekoste azange iphathwe ngisho lapho. Washo lokho. Wathi nje, ukuthi, 'Wahamba washumayela emiphefumulweni eyayisekuboshweni.'"

Ngakho ngathi, "Amen. Kunjalo."

17 Nomfundisi waphenduka wangibuka, wayesethi, “Izinyoni zohlobo olulodwa zindiza umshungu ndawonye.”

18 Ngathi, “Kunjalo, abazalwane bokuKholwa okuyigugu okufanayo, bekholwa nje ukuthi okushiwo ngumBhalo kuyiQiniso.”

UDanyeli wayenabathathu balabo omata ababekanye naye.

19 Niyazi, kuhle, uma ungekho ekhaya, ukuthola omunye okanye nawe, omunye ozoma ngakuwe, umngane omuhle ngempela. O, he! Emazweni abezizwe, uma uthola omunye umuntu ofuna ukuba wubhuti wakho, futhi akuthande futhi ame ngakuwe, lokho kusho into enkulu kakhulu; ikakhulukazi isihambi.

Nalababazalwane basuswa emzini wakubo.

20 Nomuzi wakubo washiswa. Nazozonke izitsha zabo, nezinto ezingcwele zikaNkulunkulu, zazithathwe zehliswa zayofakwa eBabiloni, futhi kwabekwa endlini yamagugu eNkosi uNebukadnezari, owayezithwale wehla nazo, enkulu, enhle inkosi yabeZizwe. Manje, uma—uma uNkulunkulu evumele lokho, ukuba umuzi wakubo ushiswe, ibandla lakubo lashiswa, base bethathwa behla bayofakwa emzini, kwakungenxa yokuthi babesukile kuNkulunkulu.

21 Kodwa Wayesalokhu enalo ikholwa Ayengabeka izandla zaKhe phezu kwalo, futhi athi, “Lena yinceku yami.”

22 UNkulunkulu njalo wayenofakazi, ndawondawo. AkaZishiyi neze engenafakazi. Akunandaba, yi . . . wehlile mhlampe waya koyedwa nje, kodwa Wayenaye njalo omunye Ayengabeka izandla zaKhe phezu kwakhe, futhi athi, “Lena yinceku yaMi, futhi izokwenza njengoba Ngiyitshela.” Manje, siyakuthanda lokho.

23 Ngiqaphela-ke, ukuthi, ngenkathi lababazalwane besezansi lapho, bafakwa ekuhlolweni.

24 Isibonelo esihle kabi salokho ikholwa elifika kukho uma liyemukela ngempela iNkosi uJesu njengoMsindisi walo. Njalo lifakwa ekuhlolweni. USathane usalokhu esebhizinisini lokuhlola. Futhi kufikela kuphela ukuba kukusize. Kungokokuthi kukusize.

25 “Yonke indodana eza kuNkulunkulu ifanele ivivinywe, ilaywe, ishaywe,” ngamany’amazwi, “inikwe isibhulo esincane, iqondiswe. Futhi uma uNkulunkulu esinika ukulaywa okuthize, futhi uma singenakukumela, khona-ka siba ngabantwana besihlahla, futhi hhayi abantwana bakaNkulunkulu.”

26 Manje, umuntu obuso bakhe ngempela bubheke ngaseZulwini, akunandaba ukuthi kwenzekani lapha emhlabeni, usalokhu ebhekise ubuso bakhe ngaseZulwini. Abangane bakhe bangamshiya. Umndeni wakhe ungamshiya. Umelusi wakhe angamshiya. Kodwa ukhona oYedwa ongeke

amshiye; lowo nguNkulunkulu. Futhi uma umqondo wakho usucabange kahle! Ngiyakuthanda lokho.

27 UDanyeli wayeshise onke amabriji emva kwakhe. Wayengakucebile ukuthi abuye abuyele emuva, futhi. Wayengawubhekisisile umzila wakhe ongemuva. Wayebheke, eyeka lezozinto esezedlule. Wajonga emgomeni wokubizwa okukhulu kwaphezulu. Yilokho esifanele ngabe siyakwenza. Yilokho okufanele ngabe iBandla liyakwenza.

28 Futhi lapho ngiqaphela, ke, uNkulunkulu wavumela uSathane ukuba amnike ukuhlolwa. Futhi, o, babahlola, ngomlilo. Babahlola, futhi, ngomphandu wezingonyama. Futhi, konke okwenzekayo, uNkulunkulu wabakhipha, bengaphezu kokunqoba.

29 "Kuningi ukuhlolwa kolungileyo, kepha uNkulunkulu umkhulula kuzo zonke." Kumangalisa kanjani lokho! Lokho sikubonga kakhulu. Izivivinyo, ukuhlupheka, ukuhlolwa, konke kusebenza kube ngokuhle! Emva kwesikhashana, uNkulunkulu usengabona-ke ukuthi Angalibeka ithemba laKhe kuwe, khona-ke uyokwenzela izinto ezinkulu.

30 Manje siyathola, ke, ukuthi uDanyeli waba yithuluzi esandleni sikaNkulunkulu, ngenkathi engekho kubantu bakubo uqobo, engekho emzini wakubo uqobo, engekho ebandleni lakhe uqobo. Ezweni labezizwe. UNkulunkulu wamsebenzisa.

31 Manje, ungebebikho kunoma yini ongebe kuyo. Ungebebikho kubobonke abathandekayo bakho, noma ungebebikho ebandleni lakho, kodwa ungabe ulokhu uyithuluzi ezandleni zikaNkulunkulu. UNkulunkulu angakusebenzisela ubufakazi kumbe noma okwanoma yini Afisa ukukusebenzisela yona.

32 Izibonelo ezinhle! IBhayibheli nje ligcwele sakuqhuma lezozinto, nomaphi lapho ophendukela ngakhona. Anithandi ukufunda iZwi na? [Ibandla, "Amen."—Umhl.] O, ngiyaLifunda nje, ngesinye isikhathi, futhi ngikhale izinyembezi.

33 Lapha ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, ngangifunda ekamelweni lapho, futhi ngaze nje ngahlala phansi futhi ngakhalisa okwengane. Ngasukuma ngase ngihamba ngizungeza isihlalo sami, ngabeka isandla sami esihlalweni, ngabuka phansi eBhayibhelini lami futhi; ngavele ngaqhumuka nje. Ngahamba ngazungeza isihlalo futhi, ngabuka emuva futhi. Ngacabanga, "O Nkulunkulu, phakathi lapho ngukuPhila okuPhakade, kuwo wonke owesilisa noma owesifazane abazoba nesibindi sokubeka ithemba labo kuLo, futhi baLikholwe." UkuPhila okuPhakade!

34 Futhi Wathi, "Hlolani imiBhalo, ngokuba kuYo nithi ninokuPhila okuPhakade, futhi Yiyona efakaza ngaMi." Hlolani umBhalo.

35 "IZwi likaNkulunkulu liyisibani ezinyaweni zethu," lokuba si—lokuba siholwe ngokuqondiswa, ke. NgukuKhanya okulandela indlela yezinyawo esihola sisuka ekunqobeni siye ekunqobeni.

36 Manje, ngaphambi kokuba ube nokunqoba, kuzofanele kube nempi. Futhi uma kungekho-zimpi, akukho kunqoba. Ngakho besifanele sibonge ngezimpi nokuvivinya, futhi nguNkulunkulu esinika ithuba lokuba sibe nokunqoba. O, he! Lokho akunenzi yini nizizwe nikahle kancanyana na? Niyabo? Impi iyafika; omunye umuntu esho into embi ngawe; ukugula kufike phezu kwakho. Mhlawumbe uNkulunkulu ukunika lezozinhlupheko, ukuze Akuphilise futhi akhombise umusa waKhe kuwe, akwenze ubone ukuthi Uchaza ukuthini ngakho: Uyakhuthanda.

37 Indaba yomelusi wezimvu omdala eyaxoxwa lapho eJerusalema, emazweni angcwele, ngomelusi ethwele i—imvu. Futhi wathi, "Uyithwalelani na?"

Wathi, "Inomlenze owephukile."

Wathi, "Yakwenza kanjani lokho; yawela eweni na?"

Wathi, "Qhabo. Ngayephula umlenze wayo."

38 Wathi, "Ngani, ungumelusi wezimvu ononya, ukuba wephule lowomlenze wemvu."

39 Wathi, "Qhabo. Ngangiyithanda." Futhi wathi, "Yayiduka, futhi ngangingakwazi ukuyenza ingikhumbule. Ngakho, ngayephula umlenze wayo, ukuze ngikwazi ukuyinika ukuthi inginake ngokwengeziwe, ukuze-ke ingithande futhi ingilandele."

40 Ngesinye isikhathi, uNkulunkulu usivumela sibhidlike, kancanyana nje, empilweni, ukusinika ukunaka okwengeziwe kancane, ukuba asibeke emathangeni aKhe, ukuba asiqomisele esifubeni saKhe. Uma udokotela ethe akusekho okungenziwa; bese-ke Esithatha asifake esifubeni saKhe, athi, "Uyabo, Ngiyakuthanda. Ngizokuvumela usinde." Niyabo? O, lokho akuyenzi yini impilo ithi ukuba ngcono kancane na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] O, Mkhulu kakhulu! UnguMelusi wezimvu oyisimangaliso. Akanjalo na?

41 Akumangalisi uDavide athi, "INkosi ingumelusi wami. Angiyikuswela." Nokuthi Isiholela kanjani ngasemanzini okuphumula; ibuyise umphefumulo wabo; futhi ichichimise izindebe zethu; futhi—futhi isigcobe phambi kobuso besitha sethu! Sewake wathola ukugcotshwa phambi kobuso besitha sakho na? Ukufakaza nje indebe yakho ize ibile nje ichichime, uyazi. Kumangalisa kanjalo nje ukugcotshwa uma uphambi kobuso besitha sakho!

42 Manje qaphelani, ke, uNkulunkulu wathatha iNkosi uNebukadnezari wase emenza ithuluzi esandleni saKhe. Futhi

ngenkathi uNebukadnezari efa, emva kokuba kade ene... Kwahluma utshani; izinwele zakhe, njengebhubesi, noma njengezimpaphe zezinkozi; nozipho lwakhe njengamazipho okhozi, kanjalonjalo. NoNkulunkulu wadingeka ukuthi amazise ukuthi kwakunguBani iNkosi yangempela.

43 Emva kokufa kwakhe, uBelteshazari, indodana yakhe engumzukulu, yangena esikhundleni sakhe. Futhi, ke, yayiyimbi kakhulu ukwedlula iNkosi uNebukadnezari. Futhi ngobunye ubusuku, lapho, babenedili elikhulukazi. Babiza bonke abezimantshi zabo—zabo nazozonke izikhulu zingenele, umbuthano omkhulukazi wenjabulo. Futhi ngenkathi besenalombuthano omkhulu wenjabulo, futhi babe... hamba, futhi babizela ngaphandle, futhi bathatha izitsha, izitsha ezingcwele zikaNkulunkulu; nje ukuba kuhlekiswe ngoNkulunkulu, futhi baphuze iwayini konkulunkulu babo, ukuthosa, ngezitsha zeNkosi.

44 Manje, umuntu uvunyelwe ukuhamba agcine lapha, kodwa kukhona umugqa ohlukanisayo phakathi kokuPhila nokufa. Ufanele ungaweqi neze lowo. Niyabo? Ungaqhubeka nobuwula bakho okwesikhashana, kodwa kungcono wazi kahle ukuthi umugqa ukuphi. Ngabe iNkosi seyake yakuhlola kunoma yini na? Iyakwenza, sonke, idonsa amatomu okuvimba, ithi "Lokho sekwenele manje." Ngaleyonkathi-ke ufanele ukubhekisise okwenzayo, kusukela lapho kuqhubeke, uma uhamba unqamula ngakulowomugqa.

45 Futhi ngalobobusuku, ngenkathi uNkulunkulu edonsa amatomu okumvimba, futhi akangalalela. Uyaqhubeka uyehla futhi ukhipha izitsha zeNkosi, uqala ukuphuza iwayini, nokuthosa kunkulunkulu wabo. Kwase kuthi-ke nakho kufika isandla sehla sivela eZulwini, sasesibhala odongeni, "MENE, MENE, TEKEL, UFARSIN." Kuchaza ukuthi, "Ulinganisiwe esilinganisweni, ufunyenwe ulula." Akekho owayengakuhumusha. Kwakuyizilimi ezingaziwa.

46 Futhi kwakukhona umuntu lapho, owayenesiphiwo sokuhumusha, uDanyeli, ngakho uyeza uyehla wase ehumusha futhi utshela inkosi ukuthi kuzokwenzekani. Futhi, lapho, uNkulunkulu wasibhubhisa lesosizwe, iBabiloni.

47 Kwathi, uDanyeli, elapho, wabona imibono emikhulu, wase ebhala mayelana nayo, ngalenduduzo enkulu esinayo namhlanje, azi, futhi ebeka ngokohlelo, ukuphela kombuso wabeZizwe.

48 Qaphelani ukuthi kuphelele kanjani. Kutholeni eduzane nje manje. Wabona, kuqala, isithombe simi ensimini, ngenkathi ehumusha iphupho lenkosi.

49 Wayengumuntu kamoya. Wayephupha amaphupho, wabona imibono, wahumusha amaphupho. UNkulunkulu wayenaye, futhi wonke umuntu wayekwazi lokho, futhi.

50 Futhi ngenkathi ebona umbono, ikhanda legolide, nesifuba lapha sesiliva, namathanga ethusi, nezinyawo zensimbi, qaphelani, umbuso ngamunye wawuya ngokuqina kakhudlwana. Umbuso wenkosi uNebukadnezari wawuyikhanda legolide. Walihumusha, wamtshela impela nje ukuthi leyomibuso yayizothathwa kanjani omunye ngomunye kuya ekupheleni. Manje-ke qaphelani, kusukela egolideni, ngokuthambe ukwedlula konke, kulandele isiliva, bese kulandela ithusi, bese kulandela insimbi; kuqina kakhulu, kuqina kakhulu, kubanda kakhulu, kudeda kakhulu!

51 Qaphelani, manje-ke, phakathi kwakho konke lokho, uDanyeli wawubheka umfanekiso iTshe laze laqheshulwa entabeni, elasikwa kungengazandla. Laginqikela esithombeni lasichoboza, lasenza saba njengokolo esibuyeni sasehlobo, nemimoya yawususa. "NeTshe lakhula laba yintaba enkulu eyamboza umhlaba wonke nolwandle." Lokho kwakungukuFika kweNkosi uJesu, osekuseduze manje.

52 Uyaqhubeka. Ngenkathi esezansi ngasemfuleni, ngoluny'usuku, wehlelwa yisiyezi wase ebona umbono. Abaningi balabo babenaye, abawubonanga umbono, ngokuba wanikwa uDanyeli kuphela. Niyakubona na?

53 Omunye angama eduze kwakho ngqo, futhi abone izinto ongeke uzibone, ukusindisa impilo yakho. Kunjalo. Omunye wathi, "Angikukholwa lokho. Angikaze ngibone lutho." Ngoba kwakungesikho okwakho ukuba ukubone.

54 Labo ababehamba noPawulu, ngenkathi uPawulu eshaywa ehla ehhashini lakhe futhi wawela emhlabathini; futhi waba ngobhuquzayo, njengoba kwabanjalo, emhlabathini; akukho namunye wabo owezwa lelophimbo noma wabona lowombono. UPawulu waWubona.

55 Akukho namunye wabo owabona inkanyezi eyanqamula kuzo zonke izinto ezisezulwini, kuphela yizazi.

56 Izinto eziningi, leyondlela, uNkulunkulu ukukhethele abantu abathize ukuba bakubone, futhi abanye ngeke bakubona. O, ngiyakuthanda lokho! Ngenkathi uNkulunkulu, ekuhlakanipheni kwaKhe okungenasiphelo, umisele, noma wazi phakade, ukuba kwenzeke izinto ezithize, bekungenzeka kumuntu ohlezi eduze kwakho ngqo, futhi ngeke wazi lutho ngakho.

57 Bukani eDothani, ngenkathi uElija esezansi eDothani futhi bonke bahaqwa lapho ngaba—ngabafokazi abangenayo, impi yamaSiriya; befuna uElija, umprofethi. Ngokuba ngenkathi, baqala ukuthola, ngasosonke isikhathi uma amaSiriya eza kwaIsrayeli, ukuba azolwa, ngani, amaIsrayeli ayewaqamekela.

58 Futhi ngakho inkosi yaseSiriya yababiza phezulu, yathi, "Manje, ake nilinde kancane. Ubani ongakithi, futhi ubani ongakuIsrayeli na?" Yathi, "Omunye eqenjini lami uyinhloli,

ezotshela uIsrayeli lapho nje esiza ngakhona, ngoba balapho njalo besilindele."

59 Futhi eyodwa indoda yayinokuba nomoya kancane ngaye. Yathi, "Qha, baba wami. Kodwa ngumprofethi uElija, ngokuba uyazi, ekamelweni lakhe lokulala, ukuthi yimuphi umnyakazo wakho olandelayo ozowenza." Amen.

60 O, uma amandla e atomu eqala ukuzamazama, ngijabula kakhulu ukuthi iZwi likaNkulunkulu lisitshelile ukuthi asiye kuphi. Sibalekele eDwaleni, uKristu Jesu! Wonke umuntu okulo uphephile futhi uvikelekile. Akukho okungakulimaza. Akukho mabhomu ama-atomu, akukho-mikhando yensimbi ikhobalt, akukho lutho olunye, olungathinta abalondolozwe nguNkulunkulu; abaphephile, bevikelekile, bagxilisa okwehange. Ithemba elimangalisa kangaka esinalo kuKristu Jesu!

61 Qaphelani, kwakukhona indoda eyayikanye naye. Inceku yakhe, umfana wokomoya, wayehamba athele amanzi ezandleni zomprofethi, isikhundla esikhulu ayenaso. Kodwa ngenkathi esebone i—impi yamaSiriya nxa zonke zeDothani, eyibona yonke yesekiwe, wathi, "Baba wami, awubheke laphaya! Iningi elingaka pho! Ngani, sihaqiwe!"

62 Manje, lokho okwemvelo, uma yonke into ibonakala ihamba kabi; bekukhomba ngomunwe, besho *lokhu* na *lokho;* nodokotela ethi ungeke usinde, kanjalonjalo. Lokho kuyinto yemvelo nje, ukuba uyicabange, "O, he, lokhu ngukuphela!"

63 Kodwa uElija wathi, "Baningi kakhulu abanathi kunoma ekhona abanaye."

64 Manje seningabona ukuthi wakwenza kanjani lowomprofethi, noma ukuthi uGehazi wazizwa enjani, inceku. Wambuka wamengama. Wathi, "Ngani, angiboni-muntu."

Wathi, "Nkulunkulu, vula amehlo alomfana."

65 Futhi kwathi nje uNkulunkulu angenza into ethize! Nansi. Itholeni. Ngenkathi uNkulunkulu evula ukubona kwakhe kokomoya; macala onke lapho, umprofethi, kwakumi izinqola zoMlilo neziNgelosi zoMlilo. Ngani, wayebone i . . . Ngani, izinqola zoMlilo zedlula leyompi yamaSiriya ngesibalo, ngezinkulungwane. Izintaba yayiseMlilweni; iziNgelosi zoMlilo, amahhashi oMlilo, izinqola zoMlilo.

66 NeBhayibheli lathi, "IziNgelosi zikaNkulunkulu zimisa ngakulabo abaMesabayo."

67 Kuyafana nje kulobubusuku! Angazi ukuthi bekungenzekani uma umuntu lapha, kulobubusuku, ubenamandla okukushaya emehlweni, bese ethi, "Buka, emi ezungeze lelitabernakele kulobubusuku!" Ubungaba yilunga lapha zonke izinsuku zokuphila kwakho. Impela. Yebo, mnumzane.

68 Ngezinye izikhathi ngeke waKubona ngamehlo akho okwemvelo, kodwa ungakuzwa ukushaya kwemithambo yaKho, Into ethize eseduzane. Umuzwa wesithupha okhomba ukuthi Into ethize iseduzane.

69 Mbhekisise, kulokhu ukusa, evula izindlebe ezingezwa, enza abakhubazwe wuvendle bahambe bazungeze lapha, kube sengathi bekungekho okungalungile kubo. Kuyini na? Ngumuzwa ongaphakathi. Ngiqonde, umuzwa, umuzwa wesithupha onokuzwa, umoya, ukuthi kukhona Into ethize eseduzane. Kholwa nguNkulunkulu!

70 Manje, abazange, ayizange ikubone Lokho, kuqala. Kodwa, uElija mhlawumbe akaKubonanga, kodwa wacelela amehlo omfana ukuba aKubone. Kodwa uElisha waba nokuzwa ukuthi Zazilapho. Amen.

UThomase, ngesinye isikhathi, wathi, "Mangifake izandla zami ohlangothini lwaKhe."

71 UJesu wathi, "Manje uyabona bese uyakholwa. Mkhulu kangakanani umvuzo walabo ongakaze nokho abone, kepha nokho akholwe." Yithi labo kulobubusuku, kulowo oyokholwa, engabonanga.

72 Futhi qaphela. Wase ephumela lapho-ke uElija ukuya lapho lesisehlakalo esasikhona, futhi washo kubo. Kuqala, waphumela lapho, neBhayibheli lathi, "Wabashaya ngobumpumputhe." Baphuphutheka; futhi baphumela ngqo kubo. Wonke umuntu wayebona ngokuphelele, ngokwazi kwami. Kodwa umBhalo wathi, "Babephuphuthekile."

73 Umfo omncane, ebusukwini obumbalwa obedlule, wathi kimi, "Uma uyindoda kaNkulunkulu, ngishaye ngobumpumputhe."

Ngathi, "Usuvele uphuphuthekile." Niyabo? Niyabo? Uphuphuthekile vele!

74 Qaphelani. Futhi waphumela lapho, ukuya lapho okwakukhona khona lesisehlakalo esikhulu, lento enkulu eyayikhona. Futhi wathi, "Nifuna uElija na?"

Bathi, "Yebo."

75 Wathi, "Wozani, ngilandeleni. Ngizoniyisa kuye ngqo." UElija wakusho kubo. Babephuphutheke ngani na? Babephuphutheke eqinisweni lokuthi lowo kwakungumprofethi kaNkulunkulu. Babephuphuthekile kukho. Futhi wabaholela ngqo ekuqamekelweni, futhi. Wathi, "Wozani, ngizonikhombisa uElija," futhi kwakunguElija ebehlisela ezansi lapho.

76 Futhi lapho beqalaza, base bethola ukuthi base behaqiwe, nxa zonke. Inkosi yathi, "Baba wami, ngibabulale na?"

77 Wathi, "Ungasithatha isiboshwa usibulale na?"

Wathi, "Baphe ukudla, bese ubabuyisela ezweni lakubo."

78 Yileyondlela-ke yokuxazulula izimpi. Akunjalo na? Impela. O, he! Uma kuphela besingazithathela lowomgomo, namhlanje, ukondla isitha sethu. "Yenza okuhle kulabo abenza okubi kuwe." Amen.

79 Lapho, manje, ubumpumputhe. Manje, uElija . . . Noma, ngiqonde, hhayi uElija, manje.

80 Kodwa, uDanyeli, uDanyeli wabona kungakenzeki. Wayengumprofethi. Wabona ukufika kweNkosi. Wabona isikhathi sokugcina sifika. Wabona ukuqala kwabeZizwe.

81 Futhi uma niqaphela, abeZizwe baqala ngo—ngokukhonza izithixo. Babekhonza isithixo esikhulu sihlezi ngaphandle ensimini, isithixo somuntu: Ngikholwa ngukuthi, nguDanyeli, uqobo lwakhe. Isizathu, iNkosi uNebukadnezari wayembize ngo "Belteshazari," okwabe kungunkulunkulu wakhe, wase eqala ukukhonza isithombe solungileyo, umuntu ongcwele. NoDanyeli wala ukukwenza; benze—benzenjalo nabantwana bamaHeberu, uShadiraki, uMeshaki, noAbedinego.

82 Yileyondlela owakhishelwa ukufakwa ngayo. Futhi walahlwa; ukuthi ikhanda legolide lakhishelwa ukuba lifakwe ngokukhonza isithombe, baphoqelwa kuso, futhi waphetha ngeSandla esilobayo esingaphezu kwemvelo ulimi olungaphezu kwemvelo okwakungukuqonda okungaphezu kwemvelo kuphela okwakukwazi ukuluqonda. Amen.

83 Yileyondlela umbuso wabeZizwe okhishwe wangeniswa ngayo, futhi uzophuma ngendlela efanayo, kunjalo, ngemisebenzi engaphezu kwemvelo, ukuhumusha okungaphezu kwemvelo. Niyazi ukuthi ngikhuluma ngani. Ukusebenza kokungaphezu kwemvelo, o, kumangalisa kangaka! Anijabuli, kulobubusuku, niyakholelwa kokungaphezu kwemvelo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Yebo.

84 Manje, manje-ke, emva kwalemibono, Wambonisa nje lapho izizwe eziyobe zimi khona. Wambonisa ukuthi yayimininingi kanjani iminyaka esancike nokho kumaJuda. Wathi, "UMesiya uyofika. Uyoprofetha amasonto angamashumi ayisikhombisa, okuyiminyaka emithathu nengxenye. Phakathi nalo, Uyakunqunywa, okuyiminyaka eyisikhombisa. Amasonto angamashumi ayisikhombisa kunqunyelwe abantu bakho; iminyaka eyisikhombisa yokuprofetha kumaJuda." Wathi, "Futhi uMesiya, uMbusi, uyofika futhi isiprofetho. Phakathi namasonto ayisikhombisa, izinsuku eziyisikhombisa, Kuyonqunywa. Esinengisweni, esenza izincithakalo, ziyoma endaweni yaKho. Futhi bayonyathela phansi izindonga zeJerusalema, abeZizwe, kube yisikhathi, isikhathi, nengxenye yesikhathi."

85 Manje, uma uMesiya efika, uJesu, Washumayela iminyaka emithathu nengxenye ncamashi, wase eyanqunywa, ukuba abe nguMhlatshelo. Isibopho esiyindingakalo sasuswa.

Nencithakalo, isinengiso esenza incithakalo, imoslem yaseOmar, yamiswa namhlanje endaweni yethempeli elingcwele. Indlu yesonto lamasulumane yaseOmar imi khona impela lapho ithempeli lalimi khona.

86 Futhi washo, ukuthi, "Babezonyathela izindonga zaseJerusalema, phezu kweJerusalema, kuze kuqedwe isimiselo sesikhathi sabeZizwe. Kodwa, ekupheleni kwabeZizwe, iyobe isekhona iminyaka emithathu nengxenye, nokho, kumaJuda."

87 Manje qaphelani enye yezinto ezishaqisa kakhulu zomlando wesiprofetho.

88 Angizisho ukuthi ngazi isiprofetho seBhayibheli. Kodwa lokhu kufana nokufunda iphephandaba; kucace kakhulu. Futhi, esikufunda Lapha, siyazi ukuthi kuyiQiniso.

89 Qaphelani, izinkulungwane ezimbili, yebo, iminyaka engamakhulu angamashumi amabili-nanhlanu, amaJuda belihlakazekele kuzo zonke izizwe phansi kweZulu. Njengoba uNkulunkulu enza lukhuni inhliziyo kaFaro, ebabuyisa; Wenza lukhuni inhliziyo kaHitler, inhliziyo kaMussolini, kanjalonjalo, Useze wawadudulela ePalastine. Ebuya, sebewenze isizwe futhi. Futhi ngoMeyi ziyisithupha, ngo 1947, ifulege lamaJuda laphakanyiswa phezu kwakwaIsrayeli, okokuqala eminyakeni engamakhulu angamashumi amabili-nanhlanu. Ifulege elidala kunawo onke ezweni laphakanyiswa okokuqala eminyakeni engamakhulu angamashumi amabili-nanhlanu. Futhi Wathi, ngezinsuku zokugcina, "Uyophakamisa ibhanela phezu kweJerusalema," ebonisa ukuthi isikhathi sesiseduze.

90 Futhi qaphelani, lapha esikhathini esingeside esedlule, ngibone isithombe sesiprofetho sidlalwa lapho. Futhi bangenisa lawomaJuda, ngezinkulungwane, ngamabhanoyi. Nisibonile ephepheni, kanjalonjalo. Amaphephabhuku i*Look* ne *Life* abekuphethe. Izinkulungwane zamaJuda zibuya! Futhi bawabuza, bathi, "Nibuyelani na?" Abadala, abantu abakhubazekile, bebabelethile, abantwana babo wayebelethiwe. Bathi, "Nibuyela ezweni lendabuko ukuba nizofa na?"

Athi, "Qhabo. Sibuyela ukuzobona uMesiya."

91 UJesu wathi, "Nxa nibona umkhiwane uhluma imiqumbe yawo, nazo zonke ezinye izihlahla zihluma imiqumbe yazo, yazini ukuthi lesosikhathi sesiseduze, noma intwasahlobo isiseduze, ihlobo. Ngakho, uma nibona lezizinto zifezeka, phakamisani amakhanda enu, ukuhlengwa kwenu sekuyasondela."

92 Kulobubusuku, njengoba lelizwe linobukhomanisi kuhle kwekhekhe lezinyosi! O, bengikhuluma nendoda esikhashaneni esingeside esedlule, nge. . .omunye wezikhulu ezedlula zonke, ngiyakholwa, engaziyo ngazo. Futhi ngesikhathi ekhuluma izinto mayelana nalesisizwe, nobukhomanisi, kuzoniqhaqhazelisa amadolo enu, kunjalo, ukuthi bumisise

kanjani okwekhekhe lezinyosi. Ayisekho into eqine nqi, akukho ngisho nasezweni lakithi uqobo, kul'khuni impela.

93 Yinye kuphela into eqine nqi engaziyo ukuthi izoma, lelo yiDwala, uJesu Kristu. Semukela umbuso ongayikugudluzwa. Futhi kulolusuku lapho yonke into iwa, sinesisekelo esiqine nqi, iNkosi uJesu Kristu. Ngenani kuLo, bangane. Liyisikhoselo ngesikhathi sesiphepho. Into eyisimangaliso kangaka pho!

Wakubona konke lokhu kwenzeka.

94 Sibona amaJuda manje. IBhayibheli lasho ukuthi iJerusalema . . . Futhi liyoqhakaza njengentebe. Nokuthi balinisele kanjani lelozwe ngenkasa! Futhi ba . . . Umprofethi wakhuluma wayesethi, "Lolosuku, ukuthi, amanzi ayovela enyakatho." Kwakungekho-manzi lapho ngaleyonkathi, kungekho siphethu lapho ngaleyonkathi. Kodwa eminyakeni embalwa edlule, kukhona impophoma equbukayo, futhi inisela izigodi. Futhi ukunisela kwabo ngenkasa kungokunye kwezindawana zezolimo ezinkulu kunazo zonke, ngobungako bayo, emhlabeni.

95 Nazo zonke lezizithako amakhemikhali asoLwandle oluFile ngqo. Maningi ngokwenele amakhemikhali atholakala ezinzulwini zalo, wonke umcebo womhlaba ongeke ukuthenge; amakhemikhali, isakhansimbi iyuraniyamu nakho konke okunye, kukhona impela ezinzulwini zoLwandle oluFile, olungolwakwaIsrayeli manje.

96 "Umkhiwane uhluma umqumbe wawo." Akusikho lokho kuphela, kodwa ezinye izihlahla zihluma imiqumbe yazo. Amakhomanisi ahluma imiqumbe. Umphikukristu uhluma imiqumbe.

97 NeBandla likaNkulunkulu lihluma imiqumbe. Liqhakaza emandleni aLo futhi. Umcwangubе iphamawemu idla ingxenye yaso, izinkumbi zidla ingxenye yaso, isilwanyana esinehhuku sidla ingxenye yaso, inkasa idla ingxenye yaso, kodwa uNkulunkulu wathi, "Siyobuye siphile futhi." Sihluma umqumbe manje.

98 Izihlahla zihluma imiqumbe. UDanyeli wakubona kungakenzeki, futhi wajabula. Manje, ngalesisikhathi, wathi, "Futhi ngalesosikhathi . . . " Isahluko 12.

> *Ngalesosikhathi uMikayeli uyakuma, isikhulu esiqhamileyo esimela abantwana babantu bakho: kuyakuba-yisikhathi sokuhlupheka, esasingakaze . . . kusukela ekuveleni kwabantu kuze kube-yileso . . . sikhathi: ngalesosikhathi abantu bakho bayakukhululwa, bonke abayofunyanwa encwadini.*

99 O, he! Anijabuli ukuthi igama lenu liseNcwadini yaKhe? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Lapho yena, uDanyeli, ngapha, eMbona, "Wafika koMdala wezinsuku, Onwele zakhe

zazimhlophe njengoboya bezimvu. Futhi Wazivula iziNcwadi. Futhi behlulelwa, wonke umuntu, eziNcwadini," ukweHlulela kwesiHlalo sobukhosi esiMhlophe esikhulu.

100 Manje, uDanyeli unikwa lesisiqiniseko, futhi ekupheleni kwesimiselo sesikhathi sabeZizwe. Fundani i . . . Uma seniya ekhaya, futhi kusasa, nifunde isahluko 11. Ningabona ukuthi inkosi yasenyakatho yehla kanjani, okungelutho kuphela yiRashiya, yehla ukuzowucindezela, njengesivunguvungu somoya. NeMpi enkulu yaseArmagedoni iyolwa khona lapho impela eduze kwamasango aseJerusalema. Qaphelani. O, ngiyakuthanda lokhu!

> *. . . ngalesosikhathi abantu bakho bayakukhululwa, bonke abafunyanwa belotshiwe encwadini*, incwadi yokuphila yeWundlu.

101 "UMikayeli, isikhulu esikhulu, siyokuma" (ini?) "simele abantu bakho." Kulungile.

> *Kuyakuti abaningi babo abalele emhlabathini wothuli bayakuvuka (nini?)* ngenkathi lezizikhathi sezenzeka, futhi *abanye bavukele ukuphila okuphakade, abanye ihlazo noku*nengwa *okuphakade*.

102 Njengoba impela nje kukhona ukuPhila okuphakade, kukhona ukumuka kwaphakade. Kunquma ekutheni umphatha kanjani uJesu Kristu empilweni yakho. Uma uMthanda, futhi uzelwe ngokusha, futhi unoMoya waKhe, unokuPhila okuphakade. Uma ungenakho, awunakho ukuPhila okuphakade. Uma igama lakho lilotshwe eNcwadini yokuPhila yeWundlu, unokuPhila okungayikufa. Uma lingalotshiwe Lapho, ungeke waziwe.

103 Kuyini na? Zonke lezoziprofetho ziyagcwaliswa; yonke into, kwehle njalo kuze kuzofika kulesisikhathi.

104 Ikhanda legolide seledlule, njengoba uDanyeli athi liyodlula, umbuso waseBabiloni.

105 Ongena esikhundleni salowo, wathi, kuyoba ngamaMede namaPeresiya. Angena esikhundleni sombuso waseBabiloni.

106 Futhi awa, ku (kuphi?) maGreki, uAlexander oMkhulu.

107 Futhi awa, ku (kuphi?) maRoma. NamaRoma ahlakazeka, ezweni lonke, iRoma yangasempumalanga nangasentshonalanga, imilenze emibili.

108 Futhi wathi, "Insimbi nebumba ezinzwanini; izinzwani eziyishumi, imibuso eyishumi." Futhi wathi ngeke kuxubane. Futhi bayoganiselana phakathi komunye nomunye; ubuRoma nobuProtestane."

109 "Futhi ngalolosuku," uma lento isikhona, "khona-ke iTshe laqheshulwa entabeni, kungengazandla, lase ligingqikela

phakathi lase liyichoboza into iba yizicucu." Lase Lithatha indawo yesithombe.

110 Ngakho, bazalwane bami, sinezinkathazo, kulobubusuku. "Izimpi, amahemuhemu ezimpi; ukuzamazama komhlaba kuzindawo ngezindawo; ukukhungatheka kwesikhathi, usizi phakathi kwezizwe." Ngisanda kubuya nje ngivela phesheya kwezilwandle, futhi angikasiboni isizwe esingathuthumeli ezicathulweni zazo. Azazi ukuthi yini ezokwenzeka elandelayo.

111 Kodwa asibongi yini, kulobubusuku, ukuthi siyazi ukuthi yini ezokwenzeka elandelayo! INkosi uJesu Kristu izofika okwesibili, ngenkazimulo nobukhosi! Futhi wonke owesilisa nowesifazane otholakala elotshwe eNcwadini yokuPhila yeWundlu, uyovuka nabathandekayo babo, ukuhlangabeza iNkosi emoyeni. O, into eyisimanga kanje pho! Yingalesosizathu sithi:

> Ithemba lethu alakhelwe ndawo ngaphandle
> KwaseGazini likaJesu, elinokulunga;
> Macala onke umphefumulo wami udeda indlela,
> Uyithemba lethu lonke nokuhlala.

112 "Futhi ngalesosikhathi, uMikayeli uyakuma, umbusi omkhulu." UMikayeli wayenguKristu, kusobala, Owalwa izimpi zeziNgelosi eZulwini, nodeveli. USathane noMikayeli balwa ndawonye, noma balwa bemelene, njalo.

113 Futhi, manje, "Futhi ngalesosikhathi," wathi, "abaningi owafunyanwa elotshwe eNcwadini wakhululwa. Nalabo abenze ukulunga . . . " Bhekisisani lokhu.

> *Aba—abahlakaniphileyo bayakukhanya njengokukhazimula kwesibhakabhaka; na* njenge . . . *nabaphendulela* kude *abaningi ekulungeni njengezinkanyezi kuze kube-phakade* . . .

114 Ngakubuka lokho, ngesinye isikhathi, futhi ngicabanga ukuthi, bazalwane. Ngiyaphuma, kulokhu ukusa. Ngiyakuthanda ukuvuka kusesekuseni. Anithandi ukuvuka kusesekuseni na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

115 Ngiyakhumbula ngenkathi abazalwane nami sasisezintabeni. Kusesekuseni impela ekuseni, lapha kwelesine nqo, sasivuka. Sibuke, okulenga emuva lapho, futhi kwakuyinkanyezi yokusa. Kuba-mnyama ngempela ngaphambi nje kokuthi kuse.

116 Sibona ubumnyama buqoqana manje. Kuyini na? NgukuKhanya kucindezela ubumnyama. Okunye kufanele kudede endleleni.

117 Zonke izinto ezihuquzelayo ebezigijima ebusuku, uma kuphuma lelolanga, zigijima ziyokhosela uma ukukhanya sekukhanya. Ubusuku nobumnyama . . . Ubusuku nokukhanya

ngeke kwabakhona endlini eyodwa. Kuphakathi kokuthi kumnyama noma kuyakhanya. Nokukhanya kunamandla kakhulu kunobumnyama.

118 Kanjalo noKristu unamandla kakhulu kunazozonke izitha zomhlaba.

119 Manje, siyafundiswa ngososayense; lapho ukukhanya kuqala ukufika, ekucindezeleni ubumnyama. Nobumnyama buqoqa lonke ibandla labo ndawonye, ukulwa nokukhanya, kodwa ukukhanya kuyehlula bese kuvela.

120 NeBhayibheli lasho, ezinsukwini zokugcina, ukuthi, "USathane uyohamba ebhonga njengebhubesi." Uqoqela ndawonye, zonke izitha zakhe, bonke abangane bakhe, izitha zethu, futhi ubahlanganisa ndawonye; bebuthana inqwaba phansi kwenhloko enkulu, uphawu lwesilo, emazingeni ezindawo zobufundisi, umfelandawonye wamabandla. Bonke bebuthana beba-munye futhi bezenzela inhlangano enkulu, okufana nobuKatolika.

121 Nemibuso emikhulu yomhlaba ibuthana yodwa iba-munye, futhi ibumba inhloko enkulu phezu kwalapho, emazingeni ezindawo zezombusazwe, ezibizwa ngobukhomanisi.

122 NokuKhanya kukaNkulunkulu kuyacindezela. Kwenzekani ngesikhathi esifanayo, ukukwenza na? IBandla lamaKristu, iBandla likaNkulunkulu ophilayo, liyagcotshwa. Amandla eza kuLo. Lemukela uMoya oNgcwele.

123 Ngonyaka odlule, emazingeni ezindawo zeVangeli eligcwele, kwakungukuphenduka okuyisigidi izinkulungwane ezingamakhulu amahlanu. Elikhulu kunakho konke lishanele izwe, iminyaka emva kweminyaka. Asisekho emigwaqaneni. Siphezulu emgwaqeni omkhulu ohlukaniswe kabili uhaleluya. Asikho eshede, nhlobo. Ukuphenduka okuyisigidi izinkulungwane ezingamakhulu amahlanu ezikhundleni zeVangeli eligcwele, ngonyaka odlule, sathatha isikhundla sobuKatolika nakho konke okunye. O, he!

124 Kuyini na? UkuKhanya kuyaqoqa. Izinkonzo ezinkulu zokuphilisa zikame imbulunga yomhlaba. Haleluya! Le phakathi, ezansi eFormosa, imikhankaso yokuphilisa iyaqhubeka. Le ezansi eJapane, imikhankaso yokuphilisa iyaqhubeka. Phezulu ezifundazweni ezingamaqeqeba amakhaza zasenyakatho, imikhankaso yokuphilisa iyaqhubeka. Umhlaba jikelele, imikhankaso yokuphilisa! Haleluya! Abantu bemukela uMoya oNgcwele, bazindawo zonke. Sisesikhathini sokugcina.

125 Kwenzani na? Bese-ke udeveli ethi, "Manje sekuyisikhathi sami." Uhlanganisa imibutho yakhe. Umfelandawonye wamabandla ezama ukuwumisa, uthi, "Abayilutho ngaphandle kokuthi bayisigejane samabhokisi abanga umsindo. Akukho lutho kubo. Konke kungubuhlanya. Ayikho into okuthiwa ngukusebenza kokungaPhezu kwemvelo."

126 Futhi ngesikhathi esifanayo, inhloko yeMelika . . . inhlangano yezemithi ibhala isiqephu ephepheni, yase ithi, “Akekho umuntu onelungelo lokungena endlini yabagulayo, ukuba azokhonza abantu, ongakholelwa kuNkulunkulu uSomandla futhi aMemukele njengomsizi wakhe.” *UMmemezeli wamaKristu*, benengxoxiswano nodokotela ngenyanga edlule, banikeza ukulobaloba engangingekwazi ukukubhala, mina uqobo, ukuba ngangizama ukukhuluma iwawa ngakho. Kuyini na? Phakathi kwezinto zonke, uNkulunkulu uyobangela izitha zaKhe ukuba zifakazele inkazimulo yaKhe. Yebo, mnumzane. Udokotela wathi, “Singanikeza kuphela izinsiza, kodwa uNkulunkulu ungumphilisi.”

Ngathi, “Lawomadoda adumile iyathola nje ukuthi yini thina sigejane esingahlakaniphile esasiyazi ngaso sonke isikhathi.” Kunjalo.

127 Ngolunye lwalezizinsuku zenkazimulo, nizothola ukuthi lesisigejane saMandla, ashintsha izifebe zibe ngamanenekazi, nezidakwa zibe ngabanumzane abahloniphekile namaKristu, yiwo impela aMandla azobaphakamisa abakhiphe kulomhlaba bese ebathatha abayise eKhaya oHlwithweni, baye eNkazimulweni. Singahle ukuba sesedlule kakhulu isikhathi; singahle ukuba sesedlule kakhulu isikhathi kwabaningi.

128 “Ngalolosuku, uMikayeli uyakumela abantu.” Akamele zona izizwe. Umele abantu. “Nabaningi balabo abalele othulini lomhlabathi, abanye bayovukela ehlazweni laphakade nasekunengweni. Kodwa labo abahlakaniphile nabaphendulela abaningi ekulungeni, bayokhanya njengezinkanyezi kuze kube phakade naphakade.” Haleluya!

> Ithende noma ikotishi, yingani ngikhathazeke
>   na?
> Bangakhela indlu yobukhosi Laphaya.
> (Woza uzongibona ngoluny’usuku!)

129 Kuyini na? Ngike ngaphuma ngabuka leyonkanyezi yokusa enkulu, lapho iqala ukuya ngaleya. Ithini inkanyezi yokusa na? Inkanyezi yokusa kuphela ebonisa ukukhanya okukhulu kokuphuma kwelanga. Kunjalo na? Inkanyezi yokusa, isizathu sokuba ikhanye ngokugqame kangaka (niyazi ukuthi kungani injalo na?), ilanga lisondele kakhulu impela kuyo. Kungukucindezela. Nenkanyezi yokusa imemezela ukufika kwelanga.

130 Kulungile, nina zinkanyezi zokusa, kuyisikhathi sokumemezela ukuFika kwaKhe! Khanyani, ziNkanyezi zokusa! Vukani kusesekuseni! Ithi, “INdodana izoba lapha masinya!”

131 Uma sibuka futhi sibone leyonkanyezi yokusa, lapho ibenyezela ezibhakabhakeni, ichaza ukuthi ilanga selizokhanya masinyane nje.

132 Futhi uma sibona iziNkanyezi zokusa zikaNkulunkulu, ziphuma futhi zikhanyela inkazimulo yokuvuka kukaJesu Kristu, kukhombisa ukuthi Leyo enkulu iyacindezela. Izinkanyiso ziyabuthana, kodwa iNkanyezi yokusa iyampompoloza, "Bambelelani! Akusekude ukuba kuse." Bambelelani! Akusekude ukuba kuse. Yibani nilokhu nibambelele nje. Njengoba uDadewethu Murphy nabanye babevame ukucula, "Yibani nilokhu nibambelele nje; ukusa kuzofika masinyane." Babambelele baze . . . IziNkanyezi zokusa ziyakhanya ezweni manje, zikhanyisa izwe, ngaphambi nje kobumnyama obukhulu, nokushaya konyazi okukhulu okuvela eZulwini, ukuFika kweNkosi.

Lalelisisani manje. Manje wathi . . .

133 Ngike ngayibuka inkanyezi yokusa, futhi ngacabanga, "O, nkanyezi yokusa!" Ngabheka phansi . . .

134 Ngoluny'usuku, ngimi phezulu lapho, uMfowethu Woods nami. Wayesanda kuqala umlilo nje, futhi sasizothola ukudla kwasekuseni. Ngase ngiphenduka ngabuka inkanyezi yokusa. Ngaphumela lapho kulezozihlahlana zomsedari; nemimoya inyenyeza ezihlahleni zephayini. Ngama lapho. Ngazizwa ngikahle, ngiphefumula lowo omnandi, ofreshi umoya wasekuseni; futhi kuthi ukuba nesithwathwa, isithwathwa esiningi kakhulu. Ngehlela emfudlaneni, ngakha amanzi ngebhakede lamanzi, aphenduka iqhwa ngaphambi kokuba uvuke.

135 Ngimi phezulu lapho, ngiphakamisa izandla zami, phandle lapho kulezozihlahla zephayini. Ngabuka inkanyezi yokusa. Ngacabanga, "O, buka lapha, iminyaka engamashumi amane-nanhlanu ingenzeleni." Ngathi, "O, buka lapha. Senginembimbi. Izandla zami ziba nemibimbi; izinwele ziyamoncuka; amazinyo ayaphela. O, iminyaka engamashumi amane-nhlanu ingenzeleni! Kodwa," Ngathi, "buka ngaleya, leyonkanyezi yokusa inhle hle nje futhi ikhanya bha njengoba yayinjalo ngosuku uNkulunkulu, 'whew,' wayiphephetha ezandleni zaKhe, wayesethi, 'Mayikhanye!'"

136 Ngase-ke ngicabanga ngomBhalo. Ngathi, "Kodwa uNkulunkulu wethembisa, uma siyohlakanipha futhi siphendulele abaningi ekulungeni, siyokhanya sedlule izinkanyezi kuze kube phakade."

137 Ngacabanga, "Nkanyezi yokusa, uyakhanya manje, kodwa linda size sifike Lapho! Haleluya! 'Sikhanye sedlule izinkanyezi kuze kube phakade!'"

138 Futhi ngangiwuzwa lowomoya uza wehla eqgumeni, sekuzokusa nje, uswebeza ezihlahleni zephayini, uthi:

Kukhona iZwe ngapheshеya komfula,
Esilibiza ngelimnandi-phakade,
Futhi sifinyelela kuphela kulologu ngesifakazelo sokwazi ngokukholwa;
Ngamunye ngamunye sizuza isango,
Lapho ukuba sihlale nongasayikufa,
Lapho beshayela wena nami lezozinsimbi zegolide.

139 Into enkulu kanje pho! "Labo abahlakaniphile beyophendulela abaningi ekulungeni, futhi bayokhanya bedlule izinkanyezi kuze kube-phakade naphakade."

140 Ngakho kwenza mehluko muni, empeleni na? Izokwenzani lempidlwana endadlanalapha? Loluthuli oludadlana lomhlabathi, isilokazana esingenamgogodla, umzimba omdadlana osazokufa ozobola futhi ubuyele othulini, nezibungu zesikhumba ziyowudla ziwuqede! O, he! Angivuke nakho konke okukimi, futhi ngikhanyele inkazimulo kaNkulunkulu! Ngilahle konke okusindayo, ukuze uMoya oNgcwele wedlulisele amandla aWo nenkazimulo, ngokushunyayelwa kweVangeli nokuphiliswa kwabagulayo, ukuqinisekisa uJesu Kristu evusiwe kwabafileyo. O, he!

. . .*phakade naphakade*.

*Kepha wena, . . . Danyeli, gcina amazwi, unamathelise incwadi, kuze kube-sesikhathini sokugcina: abaningi bayakwehla benyuka, ukwazi kube-kuningi*.

*Ngase ngi*bheka futhi *ngibona mina Danyeli, futhi, bheka, kwakumi abanye ababili, omunye ogwini lomfula nganeno, no*yedwa . . . *ogwini lomfula ngapheshеya*.

*Omunye wathi kumuntu owembethe ilineni* (uMoya oNgcwele), *owayephezu kwamanzi* (abantu nezixuku) . . .

141 UMoya oNgcwele phezu kwabantu! O! Haleluya! UMoya oNgcwele!

142 IZambulo 15:16 kuyasho, ukuthi, "Ukuminyana nezixuku. *Amanzi* achaza 'ukuminyana nezixuku zabantu.'"

143 "Futhi nangu Owembethe ilineni elimhlophe, evayizela Yena uqobo phansi-phezulu, phezu kwamanzi, nezandla zaKhe ziphakamele eZulwini, efunga Yena ophila kuze kube-phakade naphakade 'Uma lezizinto sezenzeka, akusayikubakho isikhathi!'" Haleluya!

144 "Akusayikubakho isikhathi!" Wafunga lokho, ngenkathi sibone lezizizwe zibhidlika, nezinto zenzeka kanjalo, "Imfihlakalo kaNkulunkulu isivele ifeziwe."

145 Kuyini, "Imfihlakalo kaNkulunkulu"? "UNkulunkulu ekini, ithemba leNkazimulo," ekhanya, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele!

146 Wayesethi-ke, "Uma lezizinto sezenzeka, akusayikubakho isikhathi."

147 "Labo abazi uNkulunkulu wabo," kwasho uDanyeli. "Ngezinsuku zokugcina, abaningi bayakwehla benyuka, ukwazi kube kuningi. Kepha labo abazi uNkulunkulu wabo bayophikelela ngezinsuku zokugcina."

148 "Bayophikelela." O, ukuphikelela kokukholwa kuthi bhidli, umhlaba jikelele, kulobubusuku, kuphindaphinda. Ezizweni zonke jikelele, imikhankaso emikhulu! Izimpumputhe ziyabona. Izithulu ziyezwa. Isishosha siyahamba. Abantu bayo yonke indima yempilo bayangena. Bemukela uMoya oNgcwele; akusibo bodwa abampofu nomfokazana, kodwa usozigidi nakho konke okunye. UNkulunkulu uthatha futhi ubeka ingubo yaKhe phezu kwalowo nalowo, futhi ebanika isimemo beze esiDlweni sakusihlwa soMshado.

149 NomPristi oMkhulu omkhulu, uMelkizedeki, uyofika ngoluny'usuku. Futhi siyodla isidlo, sisisha, naYe, eMbusweni kaNkulunkulu, ngolunye lwalezi ezinkulu, izinsuku zenkazimulo! O, ngijabula kakhulu, kulobubusuku, ukuba seMbusweni! Yebo, mnumzane. Ngolunye usuku olukhulu, ngolunye usuku olumangalisayo, "Asisayikubakho isikhathi!"

150 Niyabo, siphuma ePhakadeni. Sasikhona, izwe lingakabikho. Benikwazi lokho na? UNkulunkulu wenza umuntu ngomfanekiso waKhe uQobo.

151 "Wawukuphi," Washo kuJobe, lapho uJobe ecabanga ukuthi wayenokuhlakanipha okuthize. Wathi, "Wawukuphi lapho Ngibeka isisekelo sezwe, ngaphambi kokuba Ngiwubeke, lapho amadodana kaNkulunkulu ehlabelela kanyekanye nezinkanyezi zokusa zenanela ngokujabula na?"

152 "Izinkanyezi zokusa zenanela ngokujabula." Labo abakhanyayo benanela ngokujabula, ngenkathi sebebone ukuthi ngoluny'usuku babetabernakele lapha emhlabeni. NeNkosi uMelkizedeki wayezongena ekulungeni kukaNkulunkulu, futhi unikela ngokuphila kwaKhe, ukusihlengela kuNkulunkulu, sibuye futhi, futhi manje siyizinkanyezi ezikhanyayo kuze kubephakade naphakade.

153 "Wawukuphi lapho Ngibeka isisekelo sezwe na? Shono ukuthi zihhuke kuphi. Ngitshele ukuthi zimi phezu kwani." Wathi, "Zibophe. Ngifuna ukukhuluma nawe njengendoda." NoJobe wawa ngobuso bakhe njengomuntu ofile. Akakwazanga ukukumela. UNkulunkulu wayelapho. Nakho lapho okhona. "Wawukuphi lapho Ngibeka izisekelo zezwe na?"

154 LeliVangeli lenkazimulo lalikade liprofethwe ngabaprofethi beTestamente eLidala. Lehle ledlula eminyakeni. Lilapha kulobubusuku. Liqinisekiswe nguNkulunkulu. Lishanele izwe. Bazame ukuLicima.

155 Kodwa zama ukucima umlilo ngosuku olunomoya, ne—nezingodo zokwenza amapulangwe ezomile ehlathini na? Ngani, ungeke wakwenza. Ukuqhubeka kwakho kakhulu nokulwa nawo, kulapho uqhubeka kakhulu nokulinika umlilo; uma uqhubeka kakhulu nokulinika umlilo, liyosha kanzima kakhulu. Yileyonto kuphela.

156 Sasivame ukuba nomlilo omncane, phandle ezintabeni. Ngenkathi ngangivame ukuzama ukubasa umlilo uvuthe kusesekuseni kakhulu ekuseni. Ngangiphuma lapho bese ngiphosa izinti kuwo; ushunqe. Ngiyazi, njengoba impela kukhona intuthu encane, kukhona umlilo ndawondawo. Into kuphela engangiyenza ngukuthatha isigqoko sami bese ngiyowuvuthela, futhi ekugcineni wawuvutha.

157 Yilokho iBandla elikufunayo namhlanje, ngokunye ukuvuthela koMoya onamandla ovunguzayo njengalowo owehla ngoSuku lwePentekoste, ukuLivuthela libuyele ekuKholweni futhi, ukuba lemukele iNkosi uJesu Kristu ekuFikeni kwaKhe ngeNkazimulo.

158 Bukani izibonakaliso, izimanga, izinto eziyizimfihlakalo zenzeka. "Ukuzamazama komhlaba kuzindawo ngezindawo; amagagasi amakhulu ebhidliza ugu," njengoba nje uJesu athi ayokwenza, "izinhliziyo zabantu zehluleka; ukwesaba."

159 Ukwesaba, "O, ubani ozophosa ibhomu ikhobhalti kuqala na? Kuzokwenzekani na? Emahoreni ambalwa umhlaba wonke uzoshabalala." Ngani, siyoba seBukhoneni bukaNkulunkulu ngaphambi kokuba ithi qatha iphuma endizeni. Kunjalo. Kuyobanjani na? Akuyikubalutho, kodwa siyoqathaza lengubo endala yenyama.

> Siyoqathaza, futhi sisukume futhi sikhawule
> umklomelo wangunaphakade,
> Futhi simemeze lapho sidabula emoyeni,
> "Salani kahle, salani kahle," ihora elimnandi
> lomkhuleko.

160 Kuyobe sekwedlule konke, futhi siyoya eKhaya. Sibeke lomzimba omdala phansi; siwushintshe ngomqhele nengubo, ngaleya, okungayikunyamalala. Sijike sibuyele emuva sisuka ekubeni yikhehla, nesalukazi, sibe ngumuntu omusha, siphile kuze kube-phakade naphakade, sikhanye ngokwedlulele; nokungafi, ukuba sihambe sehle-senyuka ngemigwaqo yaseNkazimulweni, eBukhoneni beNkosi uJesu Kristu. Sihlabelela, "Udumo kuNkulunkulu kweliPhezulu! Wenze izinto ezinkulu phakathi kwethu."

161 Ngenkathi sisohambweni namhlanje, naMandla kaNkulunkulu eqinisekisa yonke into ngapha nangapha, masiqalaze sibone ukuthi sikuphi. Bukani umkhiwane uhluma imiqumbe. Bukani ezinye izihlahla zihluma imiqumbe. Bukani izizwe zihluma imiqumbe. Bukani iBandla likaMoya oNgcwele

lihluma imiqumbe. Bukani iPentekoste liphinda, libuya, izibonakaliso ezifanayo nezimanga. Haleluya!

Sizothandaza.

162 Baba waseZulwini, siyaKubonga kulobubusuku, ngaMandla okuvuka kukaJesu Kristu, ngoBukhona baKhe obuphakeme obukhulu, ngogcobo lwaKhe lukaMoya oNgcwele. SiyaKubonga ngenxa yokuthi Ulapha manje, ephila, ephila njalo, enza izinxuselo phezu kokuvuma kwethu. SiyaKubonga ngaMandla aKhe aphilisayo asophula njengezikhuni zomlilo ezivuthayo, Nkosi, wasikhipha ethuneni, wasivusa futhi wahlumelelisa ukuqina kwethu, futhi wasipha aMandla, ukuze siphume futhi sikhanye lapha kulobubumnyama. SiyaKubonga ngalokhu.

163 Baba, sikhulekela ukuthi Uzobusisa wonk'umuntu ongasindisiwe. Busisa bonke abasindisiwe. Siphe khona, Baba. Philisa bonke abagulayo; thola inkazimulo. Busisa lelitabernakele elincane. Busisa abantu. Busisa uMfowethu Neville, umelusi. Busisa bonke abadikoni, abaphatheli. Siphe khona, Nkosi. Beka izandla zaKho eziphilisayo phezu kwabo. Futhi uma udeveli engena bese ebangela imehluko emincane, kuphilise, Nkosi, ngokushesha impela, ngeBalisamu lakwaGileyadi. Siphe khona, Nkosi. Thulula amafutha okugcoba phezu kwabo. Benze bazithobe enhliziyweni, babemnandi emphefumulweni. Kwangathi bangahamba ezinyathelweni zeNkosi uJesu. Izinto zenyama zenzeka kubo bese begula. Kwangathi iNgelosi kaNkulunkulu ingama eduze, ukuba ibhece iGazi likaJesu. Siphe khona. Philisa konke ukugula.

164 Ngisize, Nkosi, njengoba ngigqashukela ngaleya emasimini, ngibona lesosidingo esikhulu. Isidingo esinje pho osukwini! Izigidi zifile. Izinkulungwane ezingamakhulu amane namashumi amane-nane zabahedeni zifile namhlanje, zingamazi uKristu. Ngisize, Nkulunkulu othandekayo. Sibusise sonke, kanyekanye.

165 Futhi ngoluny'usuku, usisukumise kulomhlaba, ngaleya, Nkosi, ukuba sihlale naWe esihlalweni saKho sobukhosi, ezindaweni zaseZulwini phezulu ngaleya, kuKristu Jesu. Siphe khona, Baba. Kuze kube yilesosikhathi, kwangathi impilo nokuqina kube ngokwethu, ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

O, ngifuna ukuMbona, ngifuna ukubona ubuso
  baKhe,
Lapho ukuba ngihube phakade ngomusa
  waKhe osindisayo;
Emigwaqeni yeNkazimulo mangiphakamise
  iphimbo lami;
Iminako yonke yedlulile, sengiseKhaya
  ekugcineni, ukuba ngijabule njalonjalo.

Lapho ngihamba ngedlula kulelizwe, ngihamba ngihuba,
Ngikhomba imiphefumulo eKalvari, ekugobhozeni okububende,
Imicibisholo emingi igwaza umphefumulo wami ngaphandle, ngaphakathi;
Kodwa iNkosi yami iyangihola, ngaYo ngifanele ngiphumelele.

O, ngifuna ukuMbona, ngifuna ukubona ubuso baKhe,
Ngihube khona phakade ngomusa waKhe osindisayo;
Emigwaqeni yeNkazimulo mangiphakamise iphimbo lami;
Iminako yonke yedlulile, sengiseKhaya ekugcineni, ukuba ngijabule njalonjalo.

166 Manje lalelani, umzuzwana nje. Mangaki amaMethodisti elikhona lapha na? Phakamisani izandla zenu, amaMethodisti. Mangaki amaBaptisti elikhona lapha na? Phakamisani izandla zenu. Mangaki amaPresbyterians akhona lapha na? Phakamisa isandla sakho. Mangakaki amaNazaretha na? Phakamisani izandla zenu. Mangaki amaPentecostals na? Phakamisani izandla zenu. Mangaki amaLuthela na? Phakamisani izandla zenu. Awu, sonke sikhona. Bukani, iqembu elikhulukazi, sixubene, sonke sihlezi endaweni eyodwa, ezindaweni zaseZulwini, sijabula esiBusisweni.

167 Manje ngifuna amaMethodisti axhawulane namaBaptisti, iBaptisti neLuthela. Phendukani manje bese nixhawulana. Bese nibheka ngemuva ngapha, manje, njengoba silihuba.

Ngikhomba imiphefumulo eKalvari, ekugobhozeni okububende,
Imicibisholo igwaza umphefumulo wami ngaphandle, ngaphakathi;
Kodwa iNkosi yami iyangihola, ngaYo ngifanele ngiphumelele.

O, ngifuna ukuMbona, ngibuke ubuso baKhe,
Ngihube khona phakade ngomusa waKhe osindisayo;
Emigwaqeni yeNkazimulo mangiphakamise iphimbo lami;
Iminako yonke yedlulile, sengisekhaya ekugcineni, ukuba ngijabule njalonjalo.

168 Lokho akunenzi nizizwe nikahle na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Akunenzi nizizwe sengathi yonke eyenu. . . Mangaki amaKristu okhona lapha na? Phakamisa isandla sakho. Wonk'umuntu okholwa yiNkosi uJesu Kristu, phakamisa isandla sakho. O, he! Into emangalisa kanje pho!

169 Manje njengoba sehlukana, njengoba sesihamba, sivela emakhaya ethu ehlukene, asihambe ngomkhuleko. Manje asicule elethu elimnandi, iculo elidala lokusikhipha. Bangaki olaziyo na? *Hamba neGama likaJesu*. Wonk'umuntu kanyekanye manje. Asicule.

> Hamba neGama likaJesu,
> Mntwana wokuhlupheka nowosizi;
> Liyakukunikeza injabulo nentokozo,
> Lithathe, noma uya kuphi.
>
> Gama eliligugu, (Gama eliligugu) O limnandi kangaka! (O limnandi kangaka!)
> Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
> Yebo, Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
> Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

Lalelani.

> NgeGama likaJesu siyakhothama,
> Siwa sikhuleka ezinyaweni zaKhe,
> INkosi yamakhosi eZulwini siyoyiQhelisa,
> O, lapho uhambo lwethu selufeziwe.
>
> Gama eliligugu, O limnandi kangaka! (O limnandi kangaka!)
> Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
> Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
> Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

170 Nakhu engifuna nikwenze.

> Hamba neGama likaJesu,
> Njengesihlangu kuso sonke isitha;
> Uma izilingo zikuzungeza,
> Phefumula leloGama elingcwele ngomkhuleko.
>
> Gama eliligugu, (Gama eliligugu) O limnandi kangaka!
> Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
> Gama eliligugu, (Gama eliligugu) O limnandi kangaka!
> Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

